1. Funda lesi siqephu esilandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela ngemisho ephalele.

Amandla kowesifazane

Kufanele isizwe sixolise kubantu besifazane ngokubabukela phansi isikhathi eside. Umuntu wesifazane inzalabantu. Elokuthi inzalabantu likuveza kugqame ukuzala. Ukuzala umzuzu onzima oqedela ubunzima bokukhulelwa izinyanga eziyi-9. Ubukelelwani phansi umuntu odlula ebunzimeni obungakaempilweni yakhe yonke? Kufanele isizwe singaphinde sihlukumeze umuntu wesifazane.

Indoda **edla amanzi amponjwana** kayimcabangeli nakancane owesifazane. Okokuqala ufika phakathi kwamabili ephuzile. Indlela angqongqoza ngayo emnyango ihlukumeza umama nezingane sebelele. Nakuba esevukile ucushwa ngemibuzo ecasulayo. " Kuphi ukudla kwami?" Kulethwe. " iphi inyama?" uyazi yini ukuthi kuthengwaphi. Useyothola impama nesibhakela owesifazane. Isicathulo. Iphunga elidida uSathane. Ubulele bani lo muntu ohlukunyezwa kanje? Sisazophendula isizwe.

Iyacasula indaba yomuntu ohlukumeza omunye elwazi usizi lwabesifazane. Uma ufunda amaphephandaba ubuka nomabo nakude izihloko zakhona zigcwele ukuntshontswa kwezingane zisandakubelethwa esibhedlela. Sizwe sini lesi esakhiwayo? Sizifundisani izingane zethu zamantombazane? Ukweba izimoto nokufundiswa kwentsha izidakamizwa kusetshenziswa abesimame ngoba bona abasoleki. Ulwazi lokugqekezwa kwemizi lutholakala emantombazaneni abhema izidakamizwa enzela ukuhlomulaezigebengwini. Imbi le mpilolhlukumeza izingane ebezizokhula zisebenze imisebenzi ezosiza izwe. Iphi intsha namuhla? **Ilele emathuneni** nalo lonke ulwazi neziphiwo ezivela kuMvelinqangi.

Izingane eziningi zikhuliswa abantu besifazane.Obaba abanye bengekho. Kubi-ke uma zingabahloniphi uma beziluleka. Ohlaba eyakhe akalelwa. Sisho njalo isiZulu esihle. Uma ungalaleli abadala uyozibona ukuqeda. Amadoda wavume ukuthi kwesinye isikhathi abesifazane abaneqhaza elikhulu ekubeni nomuzi omuhle nezimoto eziphambili. Indoda kayivume ukuthi kwesinye isikhathi inkulumo emnandi eyethulela izihlwele ngezihlwele ngeqhaza eyalibamba emzabalazweni wokukhulula abamnyama ekucindezelweni. Nezingane ezabulawa ngo-1976 zazilelwa yiyo inzalabantu. Ngoyaka we-1956 omama bazo zonke izinhlanga bamashela ukuphathwa kwamapasi. Baningi omama asebebambe izikhundla ezinkulu. Ngingabala oNkk. Nkosazana Dlamini-Zuma, Magwaza kaMsibi, Ubuhlungu bezinseka basikhulisa isizwe. Siyabonga komama bethu esanela ebeleni saphila saba namandla.

1.1 Bhala elinye igama elisho okufanayo nelithi abesifazane. (1)

1.2 Umuntu wesifazane ukhulelwa izinyanga ezingaki? Bhala inombolo ngesiZulu. (2)

1.3 Yiliphi igama elifanele ukusetshenziswa nelihloniphekile esikhundleni sokuthi:

'kuzala' (2)

1.4 Usuku olugubha ukubulawa kwezingane ngonyaka wezi-1976 lungayiphi inyanga(1)

1.5 Bhala igama nesibongo sowesifazane odumile nosesikhundleni esiphezulu okukhulunywa ngaye endabeni. (2)

1.6 Ubambe liphi iqhaza lo wesifazane ombhale ngenhla (1.4) (2)

1.7 Kwenzekani ngonyaka we-1956 eNingizimu Afrika okwakungalindelekile? Chaza ngephuzu elilodwa. (2)

1.8 Chaza lezi zimo zokukhuluma ezilandeleyo:

1.8.1 Ukudla amanzi amponjwana. (2)

1.8.2 Intsha ilele emathuneni. (2)

1.9 Kuyiqiniso yini ukuthi abantu abahlukumeza abesifazane abesilisa kuphela. Chaza ngamaphuzu AMABILI. (3)

1.10 Ngokucabanga kwakho yiziphi izizathu ezimbili ezenza abesifazane abaningi bazikhulise bebodwa izingane zabo? (2)

2. Funda uphinde ubuke lesi sikhangiso esilandelayo bese uphendula imibuzo elandelayo ngemisho ephelele.



2.1 Hlobo luni lomculo oluculwa yilo mculi ophethe isiginci lapha? (1)

2.2 Lolu hlobo lomculo luculwa abantu basiphi isizwe? Sekela impendulo yakho ngobhekisa kokusesithombeni. (3)

2.3 Ubani umculi oyedwa ocula lolu hlobo lomculo omaziyo? (1)

2.4 Ngokucabanga kwakho kufanele yini uma umnyama ngebala ulalele lolu hlobo lomculo. Sekela impendulo yakho. (2)

2.5 Umculo muhle ngani kubantu noma emphakathi? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

[30]

3. Funda uphinde ubuke lesi sikhangisi esilandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela ngemisho ephelele.




3.1 Benzani laba abakulesi sithombe? (1)

3.2 Lezi zikhalo abazibhale kulezi zingqwembe zibhekiswe kubani? (1)

3.3 Bangaki abantu abakulesi sithombe? Bhala inombolo ngesiZulu. (2)

3.4 Hlobo luni lwesifo esigulisa laba bantu? (1)

3.5 Lo mbhikisho wenzeka endaweni yasedolobheni. Sekela lesi sitatimende. Ngephuzu elilodwa. (2)

3.6 Ngokucabanga kwakho lo mbhikisho wenzeka ngasiphi isikhathi sosuku phakathi kwasemini nasebusuku. Sekela impendulo yakho. (3)

[10]

4. Funda lesi sikhangisi bese uphendula imibuzo ezolandela ngemisho ephelele.

**Ubuhle bukaZulu Lodge**

*Chitha impelasonto nathi; ube ufunda konke ngempilo nangamasiko akwaZulu.*

- Indlamu
- Umlando kaZulu
- Amahubo empi
- Ukwenzasamdlalo: ukolobola, umemulo, umgcagco

Utshwala nokudla kwesiZulu




**Ucingo: 0351 – 774358**

4.1 Ibizwa ngani ilodge ekhangiswa lapha? (1)

4.2 Yini eyenziwa yilaba abasesithombeni? (1)

4.3 Uma wena uthola ithuba lokuvakashela le ndawo yikuphi ongakujabulela kakhulu? Sekela impendulo yakho. (2)

4.4 Indawo yakwaZulu ikusiphi isifundazwe eNingizimu Afrika? (1)

4.5 Kungani umhleli walesi sikhangisi eveze abantu abavunule? Chaza ngephuzu elilodwa? (2)

4.6 Tomula igama lesiZulu elingabhalekanga kahle kulesi sikhangisi bese ulilungisa. (2)

4.7 Iyiphi indlela yokuxhumana nabakwa Ubuhle bukaZulu ongayisebenzisa? (1)

[10]

5. Emshweni elandelayo susa inamba ebhaliwe bese ubhala ibizo lesigaba esifanele. DWEBELA ibizo. Umusho wakho kumele wakhe umqondo.

Isibonelo: (i) Bonke (2) badlala ibhola.
(ii) Bonke abafana badlala ibhola.

5.1 (10) zihlala nomama wazo ekhaya e-Kloof.

5.2 Njalo ekuseni (1a) uyahamba aye emsebenzini.

5.3 Izingane ziphatha (3) eziwudla esikoleni.

5.4 UThela uthanda (15) okumnandi okuphekwa umama wakhe.

5.5 (7) siphuma ngehora lesi-2 ntambama.

[5]

6. Bhala isabizwana soqobo lapho kubhalwe khona ibizo.

Isibonelo: (i) Abasebenzi bathatha imali yabo.

(ii) Abasebenzi bathatha yona yabo.

6.1 Abalimi batshala amasimu abo ehlobo.

6.2 USimtuse udeka itafula ebusuku.

6.3 Izingane zipholisha izicathulo zazo ntambama.

6.4 Kufanele baphuze amanzi njalo abadlali.

6.5 Ikati lidla inyama yegundane.

6.6 Ingane isaba isicabucabu.

[6]

7. Bhala isivumelwano esifanele kule misho elandelayo.

Isibonelo: (i) Uphondo ...hlaba indoda kabuhlungu.
(ii) Uphondo luhlaba indoda kabuhlungu.

7.1 Abazali ...siza izingane zabo ngomsebenzi.

7.2 USimtuse ...funda nabangani bakhe.

7.3 Izikhwama ...phathwa abafundi besikole.

7.4 Amantombazane ...acula kahle ekhwayeni.

7.5 Udonga...phedwa ubaba omdala.

7.6 Ubuhlalu...thengwa umama esitolo. [6]

8. Nciphisa amagama abhalwe ngokunzima kule misho elandelayo. Bhala umusho wonke udwebele isincciphiso.

Isibonelo Umama ufunda **ibhuku**

Umama ufunda **ibhukwana**

8.1 Izingane zidlala **ngesango** lakubo.

8.2 UMnqobi usekhathele emva kokusebenza **isikhathi**


8.3 Kukhona **iphupho** elingihluphayo kulezi zinsuku.

8.4 Letha **isigubhu** sakho nawe ngikuthelele. [8]

9. Buka isithombe esingenzansi bese uphendula imibuzo elandelayo ngokubhala isiphawulo esifanele. Khetha kulezi ziqu (-dala, -ncane, -ngaki, -bili, -fushane, -ningi,

Isibonelo: (i) Isihlahla (-de) sinomthunzi omuhle.

(ii) Isihlahla eside sinomthunzi omuhle.



9.1 Itafula _____ libeke ukudla kwezingane.

9.2 Inja ______ ibuka umfana.

9.3 Ukudla _____ kuzodliwa izingane.

9.4 Abantwana ______ badlala ibhola labo.

9.5 Umfana _____ uyena olungisa ukudla.

9.6 Kubo kaThemba kukhona izinja ______?

[12]

10. Qondanisa izimo zokukhuluma nezincazelo ozinikiwe. Bhala inombolo nophawu kuphela.

| A | | B |
|---|---|---|
| 10.1 | Ukudla ujeqeza | a) Ukuphazamisa umuntu esakhuluma ngokukhuluma |
| 10.2 | Ukungena emlonyeni | b) Ukuhlalela ovalweni |
| 10.3 | Ukudla imbuya ngothi. | c) Ukukhuluma kakhulu/safuthi. |
| 10.4 | Ukudla ingevu | d) Ukusiza |
| 10.5 | Ukufaka isandla | e) Ukuhlupheka |

[5]

11. Sebenzisa lawa magama alandelayo akhombise ukuthi anezincazelo ezimbili ezingafani.

Isibonelo: inyanga

Umalume usizwe **inyanga** yakwaNgcobo ngesikhathi egula

Ngizobhala izivivinyo **ngenyanga** kaJuni.

11.1 Ithanga

11.2 Isonto [4]

12. Bhala igama elilodwa elisho ibinzana lamagama abhalwe ngokunzima.Bhala igama kuphela

12.1 **Umama kamama wami** ungithengele isipho esihle.

12.2 Ungikhonzile **unkosikazi kamalume** ungenzela yonke into.

12.3 Ziyahlupha **izingane zomfana wami omdala.**

12.4 USipho ukhala **ngezingane zikadadewabo** ukuthi ziyahlupha. [4]

**ISAMBA: 100**